## ISIQEPHU A: INOVELI

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

### UMBUZO 1

1.1 Wayeguliswa izibhobo. (1)

1.2 Zathi kungcono ukuthi abuyele ekhaya ukuze elashwe ngesiZulu. (2)

1.3 Welashwa kodwa kwanhlanga zimuka nomoya, wabe eseyiswa esibhedlela saseGreytown. (2)

1.4 B/Ukuhlupheka. (1)

1.5 UFanyana noMjwayeli. (2)

1.6
- Wayefunda ebusuku.
- Wafundela ukushayela,wathola izincwadi. (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNkosikazi kaFanyana wayebiza uMaNdlovu ngomthakathi.
- Uma ecula uMaNdlovu wayethi ubabangela umsindo.
- Wambiza ngenuku.
- Wathi uyisehluleki wehlulwa ukubeka imali yokuzondla.
- Wayengafuni ukuthi akhulume nendodakazi yakhe mayelana nokuhamba ebusuku. (2)

1.8 Izibonelo EZIMBILI kwezilandelayo:
- Umlungu wayentshontsha efemini.
- Omabhalane babegwazisa abantu uma befaka izicelo zokuhola impesheni.
- Ikhehla lathi lingubaba kaCeliwe kanti likhuluma iphutha.
- UManyoba wabanjwa inkunzi esetekisini. (4)

1.9 Wafundiswa indoda eyayihlala ngalapho ayehlala khona eThekwini ukuthi idlalwa kanjani, ngamalini nangaziphi izinsuku. (2)

1.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwaba nombango wesidumbu sikaNtombela.
- Unkosikazi wasedolobheni wayengabhaliwe efeni likaNtombela.
- Unkosikazi kaNtombela waseGoli akayitholanga imali yakhe ayeyisebenzisile njengokwesivumelwano nomndeni waseXobho.
- Isidumbu sakhe sabuye sambiwa e-Avalon sayongcwatshwa eXobho. (3)

1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Othembekile
- Ohlonipha umyeni wakhe.
- Okholwayo.
- Oneziyalo ezinhle kubazukulu. (2)

1.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Uyabekezela.
- Ukusebenza kanzima.
- Uthando lomndeni wakhe. (3)
- Ukuhlakanipha.

1.13 Uyiphethe kahle ngoba uyigoqe yonke indaba, waveza nokuthi bonke abalingiswa kugcina kwenzekeni ngabo. (2)

1.14 Izimpendulo ziyokwehluka.
Isibonelo: Yebo: Walaba kahle ngokungawaniki amadodana akhe ifa ngoba awamphathanga kahle ebe awakhulisa kahle yena.
Cha: Akalabanga kahle ngoba akazange abe noxolo emadodaneni akhe (2)

1.15 1.15.1 D/Umcwaningi wamabhuku
1.15.2 A/Ummeli
1.15.3 E/UThishanhloko
1.15.4 B/Uthisha
1.15.5 C/Umshayeli wezimoto ezinkulu. (5)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

***UMSHADO* – N Zulu**

2.1 UTholakele/Usesibhedlela (2)

2.2 Abantu ababonayo. (1)

2.3 UPamella (1)

2.4 B/Ubhekene nenkinga. (1)

2.5
- Wayethi sewadlula kulezo zinto.
- Wayezophelelwa yisithunzi njengothisa.
- Wayesaba ukuthi izinkinga zizokwaziwa abantu. (3)

2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukushela umfelokazi.
- Ukulobola umuntu osazilile.
- Ukuthumela amalobolo emqashweni. (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wafika ezoxolisa kuBhekani ngokumshiya.
- Wayevele afike azobona uBhekani.
- Wakhulelwa ingane kaBhekani.
- Wafika emshadweni kaBhekani wamsiza esesenkingeni. (2)

2.8 Waphupha ibhubesi. (1)

2.9 UBhekani akalele ebusuku ucabanga ukuthi kufanele akhulume noTholakele ngazo zonke lezi zinto azizwayo ngaye. (2)

2.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UBhekani wayengazi lutho ngemvelaphi kaTholakele.
- UTholakele wayemdala kunoBhekani.
- Wayengafundile.
- Wayengumfekokazi. (2)

2.11
- Akalaleli uma eboniswa.
- Uthando lumvala amehlo

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Watshela uBhekani ukuthi ungumfelokazi wasemakhaya ofunwayo kubo kwamkhwenyana wakhe.
- Wathi akaboke ayolunguza uma evakashelwe umngani wakhe ongumlungu.
- Wathi akabobuza ukuthi wagcina kuphi nemfundo.
- Wathi akombuza ukuthi wake waba nazo yini izingane. (2)

2.13 Umyalezo wokuthi imali yelobolo yincane kufanele afake enye. (2)

2.14 Izimpendulo ziyokwehluka.
Isibonelo. Ngangiyothi akavele ashade uLindiwe. (2)

2.15 Izimpendulo ziyokwehluka.
- Uthando aluboni.
- Ubugebengu abukhokheli. (2)

2.16
- Wabizwa abantu ababehleli emotweni ebomvu, wanqaba.
- Kwaphuma uBhatomu wambuza ukuthi umfunani unkosikazi wakhe, wakhipha ummese efuna ukumgwaza wabanda/wavuka uBhekani.
- Wavika uBhekani, wagcina ebaleka bamjaha. (3)

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

3.1 Wayeyikhansela. (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Ugesi
- Amanzi
- Itiyela emigwaqweni
- Umtholampilo
- Izinkundla zemidlalo (2)

3.3 Esokuthi bazobikela izikhulu eziphezulu zenhlangano kaDuma ngokungalaleli inkosi. (2)

3.4 Yingoba kwase kuyisikhathi sentando yeningi futhi abantu sebenamalungelo/ akusaphilwa esikhathini sasendulo/sakudala. (2)

3.5 C/Ukudumala. (1)

3.6 Ukuyibiza ngesithakazelo esithi: Ndabezitha (2)

3.7
- Kwafika uDlamini namabutho besho iziqubulo.
- Kwaphuma uMbandlwa ethi ungenisa abantu, uDlamini wamshaya ngenduku.
- Abantu bahlakazeka waphela umhlangano. (3)

3.8 Wakukhombisa ngokuduba waphindela kubo. (2)

3.9 Kafushane nje sengathi, konke esikwenzayo kufanele kuncike kuthatha-nika. (2)

3.10 Amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye
**UMbandlwa**:

- Unodlame.
- Uyedelela.
- Akananhlonipho.
- Unochuku.

**UMazongolo**
- Uthanda uxolo.
- Ukholelwa emthandazweni.
- Uneqiniso.
- Unenhlonipho. (4)

3.11 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Kwasuka udlame endaweni.
- Kwafa abantu.
- Kwashiswa umuzi kaDlamini. (2)

3.12 OKUTHATHU kwalokhu okulandelayo:

- Kwaba nokuthula noxolo endaweni.
- UDuma wethembisa ukuyihlonipha inkosi.
- Kwasetshenzwa ngokubanjiswana.
- Inkosi yanikeza uDuma indawo ezoba yihhovisi azosebenzela kulo. (3)

3.13 Kwafika unogada ethunywe yinkosi ezobiza uDuma, uDuma wedelela unogada wamxosha. (2)

3.14 IQINISO.
UMaShezi noMaNgema basebenza ngokubambisana ukuhlanganisa uDuma nenkosi belekelelwa uMfundisi nosayitsheni ukuze kudaleke ukuthula endaweni. (2)

3.15 3.15.1 D/Indawo,isikhathi nesimo senhlalo.
3.15.2 C/Unogada
3.15.3 A/UShandu
3.15.4 E/Isithakazelo senduna
3.15.5 B/UMbandlwa (5)

**NOMA**

**UMBUZO 4**

***ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

4.1 UDumisani. (1)

4.2 Yingoba wabona uThenjiwe efaka umuthi kulo. (2)

4.3 Abandawonye/Izingane zikaMaMbatha noZungu/Udadewabo omncane. (1)

4.4 Uyena muntu engangicabanga ukumthanda, ngiziganele yena ngokuzayo. (2)

4.5 Khona ugogo engeke esamphoqelela ukuthi agane uDumisani. (2)

4.6 C/Ukufa. (1)

4.7 Wabhalela uThenjiwe incwadi emcela ukuba agane uDumisani. (2)

4.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wamphelezela wambuyisela emzini wacela uMaMbatha ukuthi anike uThenjiwe ithuba lokukhetha akuthandayo ngempilo yakhe.
- Watshela uThenjiwe ukuthi angavumi ukubuyela emzini uma ubaba wakhe ethi akabuyele khona.
- Wazama ukubonisa ubaba wakhe ukuthi kuyingozi ukuphoqa uThenjiwe ukuba enze into angayifuni. (2)

4.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ngomdlali ngamunye:

4.9.1 UMondise:

- Ungubaba olandela amasiko.
- Uyalesaba ihlazo.
- Unolaka.
- Akanayo imali.
- Uyabesaba abakwaZungu. (2)

4.9.2 UDumisani:

- Akakwazi ukuzithathela izinqumo.
- Ulahla umama wengane yakhe kanye nengane yakhe.
- Ulalela konke akutshelwa umama wakhe.
- Uyashesha ukuxola. (2)

4.10 Wathi uyoba yidlozi elihle kubo bobabili. (2)

4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- AbakwaManzini babaxolela abakwaZungu ngesenzo sikaThenjiwe.
- UThenjiwe wagcina evumile ukugana uDumisani.
- UZungu wenza isethembiso sokuthi uzogada uDumisani ukuthi angamhluphi uThenjiwe. (2)

4.12 Ukuphoqwa kukaThenjiwe ngesiko lokungenwa/Ukuphoqwa kukaThenjiwe ukuthi agane uDumisani. (2)

4.13 IQINISO, ngoba ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela ngempilo yakhe labukelwa phansi/akalinikwanga ithuba lokuzikhulumela/ abasemzini babefuna agane uDumisani engathandi. (2)

4.14 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Babezovula icala lokuthi wafakela uDumisani ushevu etiyeni ukuze aboshwe.
- Babezofuna imali yelobolo kuMondise. (Nokunye okuhambisana nalezi zimpendulo) (2)

4.15 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Kwathiwa uboshelwe ukonisa uThenjiwe emendweni wakhe.
- Kwathiwa uyophuma ejele uma sekushade uDumisani noThenjiwe.

Ababizwanga ofakazi. (4)

4.16 (a) B/Umyeni kaMaMbatha.
(b) A/Wabulawa udlame.
(c) D/Wabulawa ukugula.
(d) C/Umyeni kaMaMkhize. (4)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

## UMBUZO 5

5.1 **UNozimoto – NAP Khumalo**

5.1.1 Edolobheni/Wayeyoshaywa umoya. (1)

5.1.2 Wayengasebenzi, ehlushwa yisizungu sokuhlala yedwa emini. (2)

5.1.3 UDombi. (1)

5.1.4 Izigebengu azimanga ngesikhathi iphoyisa lizimisa. (1)

5.1.5 C/Ukusinda engozini. (1)

5.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Uvezwe njengomlingiswa:
- Onomthetho
- Oxolayo.
- Onothando. (2)

5.1.7
- Ukuhamba ngemoto entshontshiwe.
- Ukungami uma bemiswa amaphoyisa. (2)

5.1.8 Bembeswa amabhantshi aluhlaza. (2)

5.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imigwaqo yabe inothuli.
- UKaMaseko uyasho ukuthi kunzima ukuhlala emakhaya ngoba kunesizungu.
- Izinto zokuhamba azikho kahle. (2)

5.1.10 Bakhipha inkomo njengenhlawulo. (2)

5.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka.

ABAVUMAYO:
Ngangingamxolela unina wabantwana bami siqale phansi siqhubeke nempilo.

ABAPHIKAYO:
Ngangingeke ngimxolele esenukubezwe yizigebengu, ngoba mhlawumbe wayengabe esetheleleke ngezifo. (2)
**[18]**

5.2 **Lapho Kukhona Uthando – NE Mbesa**

5.2.1 Wayeyolungisa amaphepha/izincwadi zakhe. (1)

5.2.2 UBen. (1)

5.2.3 KwaBulawayo. (1)

5.2.4 OKUTHATHU kwalokhu okulandelayo:

- Izimbali
- Izimpahla zokugqoka.
- Izicathulo.
- Incwajana ayebhalelwe yona. (3)

5.2.5 A/IsiNdebele. (1)

5.2.6 Wacishe wafela kude nasekhaya/Wafela emazweni. (2)

5.2.7
- Isikebhe ayesigibele sathi siphakathi nomfula sashaywa yisigodo saketuka.
- UWanda wathi uyambamba waphunyuka. (2)

5.2.8 USebenzile waya endaweni angayazi eyobona umuntu angakaze ambone.
Kwathi noma uSebenzile ehlangabezana nobunzima waqhubeka (2)

5.2.9 USebenzile wathola ukuthi uWanda ayegibele naye esitimeleni nguye uBen ayemvakashela. (2)

5.2.10 Izimpedulo ziyokwehluka:

YEBO:
- Uma sesike sakhuluma ocingweni sezwana ngezwa nezwi lakhe ngingagcina sengimthanda.
- Uma sengike ngabona nesithombe sakhe ngingathatheka.

CHA:

- Kuyingozi ukuthandana nomuntu ongakaze umbone ngoba ubugebengu sebandile bokubulawa kwabantu.
- Kungenzeka ukuthi lowo muntu mdala kakhulu kunawe. (2)

**[17]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO*: EJ Mhlanga no JJ Thwala**

## UMBUZO 6

6.1 **Phansi – LMMS Madondo**

6.1.1 Ilirikhi. (1)

6.1.2 Bhu
Shwi (2)

6.1.3 Umugqa OWODWA kwelandelayo:

Um**hl**aba ungum**hl**aba ngoku**hl**aba/umugqa-1.
Uwu**hl**oniphe uwukhonze uyakuku**hl**onipha/umugqa-2. (2)

6.1.4 Ukuxhumana okumaphakathi. "... phansi ..." (2)

6.1.5 D/Abantu abathanda ukuziveza. (1)

6.1.6 Isifaniso. ... okwezintuthwane (2)

6.1.7 Uyabajezisa ngokubehlisa. (1)

6.1.8 Amahobosha. (1)

6.1.9 Imvumelwano siqalo

**Si**nye
**Si**fushane (2)

6.1.10 Isibonelo: Le nkondlo ikhuluma ngokubaluleka

- Kokuzithoba/kobuntu.
- Imiphumela yokuziphakamisa.
- Umuntu ongaziphakamisi umhlaba uyamphakamisa. (3)

**[17]**

6.2 **Kwamfaz'ongemama – FF Mbatha**

6.2.1 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Ukudela ikhaya likababa,
- Ukudela izihlobo nabangani,
- Ukudela nezinkalo zakithi, (2)

| | | |
|---|---|---|
| 6.2.2 | I-Enjambamenti./umugqa ovulekile | (1) |
| 6.2.3 | Ukuxhumana siqalo/ukuxhumana okuyinxemu<br><br>Isibonelo: **Noma …** Isibonelo Ngiyobekezele ...<br>**Noma ...** ... ngibekezela | (2) |
| 6.2.4 | B/Ukugula kakhulu. | (1) |
| 6.2.5 | Ukutefa. | (1) |
| 6.2.6 | Isingathekiso. | (2) |
| 6.2.7 | Uthembele kuNkulunkulu ngoba ulokhu ecela kuMvelingqangi/ Menzi/Baba ukuthi amsize uma esesemendweni. | (2) |
| 6.2.8 | Ukugcizelela ngalokho akhuluma ngakho. | (2) |
| 6.2.9 | Umoya wokudabuka/Ukuphatheka kabi./Wokuncenga/Wokunxusa | (1) |
| 6.2.10 | (a) C/Emendweni<br>(b) D/Ukwethuka inhlamba<br>(c) A/Indawo ekude<br>(d) B/Lapho uthanda khona | (4)<br>**[18]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**